

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
KANYE NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL
UMNUMZANE WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHOTHULA
IZIFUNDO ZETHATHULWAZI NGOLWESIHLANU MHLAKA 15 OCTOBER
2010**

Ngiyanibingelela Nonke

Kuyintokozo ukuthi namhlanje sihlange lapha sizohalalisela futhi sikhuthaze amalungu ama-CPF asethole amakhono kulolu hlelo lweThathulwazi. Mangiqale ngokusho ukuthi lesi akusona isiphetho kodwa kuseyisiqalo. Njengoba senithole la makhono eProject and Financial Management, indlela enisebenza ngayo kumele ishintshe manje. Umsebenzi we-CPF awukwazi ukwenziwa ngendlela efanayo nangaphambi kokuthola la makhono. Kumele kube noshintsho kuma-CPF! Yinina-ke enizokwenza lokho.

Omunye umbhali wathi: "UNkulunkulu makasiphe ukuhlakanipha sikwazi ukubona okulungile, ugqozi lokukhetha lokho kanye namandla okwenza kuhlale kunjalo". Lokhu kuchaza kahle ukuzibophezela kwabebenza izifundo ukuze baqinisekise ukuthi ama-CPF abo asebenza ngezanga eliphezulu. Amalungu aphotshule lezi zifundo aseayazi into okufanele ayenze; ukubamba iqhaza ekulweni nesihlava esiphuca imiphakathi yakithi ithuba lokuthuthuka, siphuce imindeni yethu ithuba lokuba izizwe iphephile emakhaya ayo. Sonke siyazi ukuthi kunzima ukuzizwa ukhululekile uma ungaphephile.

Angikusho lokhu ngoba ngifuna ukunilahlisa ithemba kodwa ngifuna ukunilungiselela indlela enisazoyihamba. Umphakathi wenu ukhombise ukunethemba wanikhetha ukuba nibe ngamasosha azobhekelela ukuphepha kwawo. Ozakwenu kwi-CPF bakhombise ukunethemba bakhetha nina ukuba nithole ulwazi ukuze nabo bahlomule. Akuwona amaphoyisa noma iFET kumbe uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi onikhethile, kodwa imiphakathi eniyisebenzelayo ekholelwa ukuthi ngalolu lwazi esenilutholile, umphakathi uzokwazi ukuphumelela ekulweni nobugebengu.

Ngenkathi ethula inkulumo yakhe yesizwe uMongameli uJacob Zuma wakugcizelela kakhulu ukuthi imfundo kanye nokutholakala kwamakhono kuzoba seqhulwini ezinhlelweni zikaHulumeni kule minyaka emihlanu. Uphinde wakugcizelela futhi ukuthi kuningi okumele kwenziwe ekulweni nobugebengu; kusadingeka kufakwe izinhlelo eziningi ezibhekiswe ekwenzeni ngcono ukuphepha emphakathini. Ubekusho lokhu ngoba azi kahle ukuthi ubugebengu akuwona umsebenzi wamaphoyisa kuphela kodwa owayo yonke imikhakha ethintekayo, ikakhulukazi umphakathi.

Ngakho-ke kungumsebenzi wethu njengeminyango ethintekayo ukuqinisekisa ukuthi amalungu omphakathi anikela ngesikhathi sawo namandla awo ayaqeqeshwa acijwe ngamakhono afanele ukuze aphumelele. La makhono akumele abe ngoqhibukhowe nje into ephinde ishabalale, kodwa kumele kube ngamakhono azosiza abafundi ukuthi bakhule nanjengabantu ziqu zabo babe nenqubekela phambili.

Kuba buhlungu uma sesihlukana namalungu ethu e-CPF ngoba esethole umsebenzi, kodwa singuhulumeni asikwazi ukuba nomona bese singabaqeqeshi ngokusezingeni abantu. Kungumgomo wethu oyisisekelo ukuthi noma yiluphi usizo esiluletha kubantu kumele lube ngolusezingeni eliphakeme. Sifuna ukubona lolu hlelo luthela izithelo ezinhle. Empeleni lokhu sikudinga kakhulu ngoba kuzolekelela nasemizamweni yethu yokulwa nobubha neyokuthuthukiswa kwezomnotho.

Njengoba lolu hlelo selusonyakeni wesithathu, sesiyayibona imiphumela emihle efana nalokhu:

- Ngesikhathi kubhaliswa ama-CPF, sibonile ukuthi amaphepha adingekayo ohlelweni lokubhalisa abesekhona kumaCPF;
- Amanye amalungu e-CPF aseqashwe njengabasebenzi emahhovisi eminyango ehlukeni – i-SAPS ne-NPA, ukubala abambalwa;
- Amalungu asegcina kangcono imininingwane yawo yezimali. Sebekwazi nokuziqoqela izimali zokuqhuba izinhlelo zabo ngaphandle kokulindela ukwamukela kuhulumeni;

- Kodwa okubaluleke kakhulu, thina njengoMnyango siyaqhubeka nokusebenza kanzima ukufeza umgomo wethu wokwakha ubudlelwano obuhle phakathi komphakathi namaphoyisa njengoba senza ngalolu hlelo lukaThathulwazi.

Nizoqaphela ukuthi sihlanganise umcimbi wezitifiketi zeThathulwazi nezitifiketi zama-CPF abhalise noMnyango. Into eyenze ukuthi sihlanganise lokhu wukubona indlela amaCPF asebenza ngayo. Ngalokhu kuzokhuthaza namanye amalungu e-CPF angakasebenzi ngale ndlela. IThathulwazi iyona okumele ikhule idlondlobale.

Ngiyazi ukuthi senike nabona ukuthi imiphakathi ingena kanjani ezingxabanweni eziholela ekulahlekeni kwemiphefumulo. Lokhu kudalwa yizingxabano ezincane ezisuke zingaxazululeka zisaqala. Ngiyethemba ukuthi uMnyango wezeMfundo nawo esikhathini esizayo uzofaka ezokuxazululwa kwezinkinga ohlelweni lwawo lwezifundo. Lokhu kuzosiza ukuxazulula izinkinga emazingeni emawadini, emigwaqeni nasezigodini lapho kuhlala khona imiphakathi.

Kulo nyaka izifundo zeThathulwazi zinikwe nabagqugquzeli kwi-SAPS. Nabo lokhu kubajabulise kakhulu, kokunye nangaphezulu kwamalungu omphakathi ngoba bathole ukucijwa ngamakhono azobakhulisa ekuphatheni kangcono umsebenzi wabo. Lena kuseyinselelo ebhekene noMnyango kanye ne-SAPS yokuqinisekisa ukuthi abagqugquzeli bama-CPF bathola ukucijwa njengoba kwenzeka kumalungu omphakathi.

Kuyintokozo kulo Mnyango ukuthi sihlanganyele noMnyango wezeMfundo ngophiko lwawo lwama-FET. Izinga lomsebenzi abawenzele abafundi bethu liveza ngokusobala ukuthi ngokufanayo naseMnyangweni wethu, nabo balwela ukuqinisekisa ukuthi imigomo kaBatho Pele iyalandelwa zikhathi zonke. Akukho okunye ebesingakufuna okwedlula lokhu.

Lowo owayenguMongameli wakuleli uNelson Mandela ujwayele ecashunwa encwadini yakhe ethi *'Long Walk To Freedom'* lapho esuke ethi: "Sebonile ukuthi ngemuva kokuqwala intaba enkulu, kuba yilapho uthola ukuthi ziningi izintaba okusamele uziqwale. Ngisathi ukuhlaba ikhefu ukuze ngibheke ubuhle bemvelo obungizungezile, ngibheke emuva lapho ngiqhamuka khona. Kodwa ngihlaba ikhefu okwesikhashana ngoba phela inkululeko iza nezibopho zokusebenza, yingakho ngingazimisele ngokuchitha isikhathi njengoba uhambo lwami lungakapheli".

Namhlanje-ke sikuleso sikhathi sokuthi sibheke ukuthi kungakanani esesikuzuzile, sihalalise ngalokho esikuzuzile, sihlonishwe ngalokho esikuzuzile kodwa futhi sifunde kulokho esikuzuzile. Kodwa lokhu akusho ukuphela kohambo njengoba ningama-CPF, amaphoyisa nemiNyango ehlukeni kahulumeni ngoba kusekuningi okumele kwenzeke.

Ngalokho esesikuzuzile, sesizidonsele amehlo emphakathini ukuthi ufune okuningi ngenxa yemiphumela emihle ebonakalayo ngeThathulwazi. Ningesabi, ningethuki, ngoba vele singakwenza, vele sesiphumelele, osekumele sikwenze manje ngokuthi sigcine izinga liphezulu.

Sithi halala kubona bonke ababambe iqhaza. Sithi sengathi singaqhubeka nokwakha iKwaZulu-Natali ephiphile kubantu bonke ngoba ngokubambisana singenza okuningi.

Sengiphetha, ngizobe angenzi ubulungiswa emsebenzini esiwuqalile ngenkathi ngingena kulo msebenzi, uma ngingakhulumi ngombimbi lokulwa nobugebengu esithi "Build a United Front Against Crime. Ngियाqinisekisa ukuthi lolu qeqesho enilutholile luzolekelela kakhulu iKwaZulu-Natali emkhankasweni esiwuqalile u-"Operation Hlasela". Isikhathi sokuchachaza kwezigebengu sesifike ekugcineni. Sifuna ukubuyisa imigwaqo yethu nezindawo esihlala kuzona ukuze izakhamizi zaKwaZulu-Natal zihlale ngokukhululeka nokuphepha.

“Umcimbi onjengalona uyenziwa nje njengosiko. Okusempeleni ukufunda okwansuku zonke zokuphila kwakho. Uma ubamba lokho uyohlale uwenza umehluko. Ngakho-ke masibambisane emizamweni yethu yokwakha lolu mbimbi lokulwa nobugebengu.

Ngiyabonga.